


# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Ngenisa amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala

- Abafundi kumele bafunde itekisi ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde bethule noma "balifunde ngokuhleba" itekisi.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba setekisi kuzwakale.


## Ingxoxo


- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa etekisini.
- Gxila kumafoniki, amagama abonwayo (asaziwa) namagama amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo, tshela abafundi ukuba bayifunde futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni kahle, uhlelo lolimi namagama amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo ukuvuma lokho.





Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.

UJeri, indlulamithi, uhlala e-zu.

Namuhla uJeri ubone intombazane ifunda incwadi, ihlezi phambi kwakhe.

"Le ncwadi ibukeka imnandi. Ngifisa ukuya emtatsheni wezincwadi ngiyolanda izincwadi nami," kucabanga uJeri.



Ngakusasa, uJeri indlulamithi, weqa e-zu waya emtatsheni wezincwadi.

uJeri, ecanga elunguza ngamafasitela "Ngifisa ukungenia emtatsheni wezincwadi ngifune eyodwa nje incwadi"



uJeri wabuka efasiteleni lokuqala, wabona incwadi kaJabu.

"Hmm! ngiyayithanda leya ncwadi ekhuluma ngemikhumbimkhathi"

Wabe eselunguza efasiteleni lesibili, wabona u-Anele efunda incwadi naye

"Leya ncwadi yezindaba ibukeka imnandi," ecabanga.

Wadlulela  efasiteleni lesithathu, wabona uBongi efunda incwadi.

"Leya ncwadi ekhuluma ngokupheka ibukeka imnandi," ecabanga.



Wadlulela efasiteleni lesine. Kuloku wabona umsizi wasemtatsheni wezincwadi kanti naye uyambona.

"Sizani bo! Sizani bo!" Kumemeza umsizi kwawa nencwadi ayeyiphethe.

" Hhayi bo sizani. Kunendlulamithi elunguza ngefasitela laphaya". Kodwa akekho owamuzwa, Umsizi wasemtatsheni wagcina ngokushayela umqaphi wase-zu ucingo ukuthi azolanda uJeri.

"Hhayi bo Jerry, kumele uphindele e-zu," kusho umqaphi we-zu.

Ngakho-ke uJerry waphindela emuva e-zu.

"Siyakwamukela e-zu, Jeri. Sizokulethela izincwadi zasemtatsheni njalo ngesonto. Uyajabula-ke manje."

**Izincwadi ziyamangaza!**




## Masiculeni!

# Ngiyayazi indlulamithi

Ngiyayazi indlulamithi
enomqala omude ngempela.
Iwuphakamisa iwuphakamise,
uze ufike esibhakabhakeni.
Ihlala emathafeni,
kanye nezindlovu.
Ungahle uyibone nawe,
uma use-zu.








## Izindlulamithi

Indlulamithi yisilwane esiphakeme kunazo zonke izilwane eziphila emhlabeni, kanti idla amacembe ezihlahla. Izindlulamithi zinemiqala emide nemisila emide.
Ulimi lwazo lude ngangokuthi zikwazi ukuzikhotha amadlebe azo.










# Imisebenzi yokufunda ngamaqembu



1 Buka izithombe. Tshela umngani wakho ukuthi kwenzekani ezithombeni.
Tshela umngani wakho ukuthi yisiphi isithombe okumele sibe sekuqaleni, yisiphi esesibili, esesithathu nesesine.
Phinda uxoxele umngani wakho le ndaba usebenzisa izithombe.











2 Lingisani le ndaba.

3 Isithombe sesi-2 sehluke ngani kwesoku-1? Shono ukuthi yikuphi okwehlukile kulezi zithombe.

ISITHOMBE SOKU-1




ISITHOMBE SESI-2




4 Bhala imisho emi-2 ngalezi zithombe ezingenhla.

5 Funda le mibuzo. Tshela umngani wakho izimpendulo.

a. Sithini isihloko sendaba?
b. Ngubani umlingiswa oqavile?
c. UJeri ubona ziphi izincwadi emtatsheni wezincwadi?
d. Kungani umsizi wasemtatsheni awisa incwadi uma ebona uJeri?


e. Ucabanga ukuthi le ndaba iliqiniso?

f. Ubona izilwane ezingaki ekhasini lesi-5??
Zisho ngamagama azo.

g. Ucabanga ukuthi uJeri uphatheke kanjani uma bemphindisela e-zu?
Nikeza isizathu sempendulo yakho.



6 Iyiphi incwadi oyithanda kakhulu?
Dweba isithombe encwadini yakho yokubhalela kube ngesencwadi oyithanda kakhulu. Emva kwalokho bhala imisho emi-4–5 ngaleyo ncwadi.



Izinga loku- 1

# Incwadi yesi- 4

| | |
|---|---|
| Isihloko: | UJeri uyathanda ukufunda |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Ibanga lesi-2 Ulimi Lwasekhaya Incwadi yokufunda Izinga lesi-2 Incwadi yesi-4 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | funda, ifasitela, i-zu, incwadi, indlulamithi |
| Ulwazimagama: | umkhumbimkhathi, emtatsheni, amathafa, umqala |
| Imisindo: | a, e, i, o, u, b, c, d, f, g, h, j, k, l, m, n, p, q, r, s, t, v, w, x, y, z, nc, ndl, tsh |
| Okuqukethwe, imiqondo namakhono: | ▪ Wenzela indaba isiphetho esisha.<br>▪ Uhlonza okufanayo nokwehlukene kokuthinta umoya (*emotions*).<br>▪ Unikeza izizathu zokuzwakala emoyeni.<br>▪ Ubhala amagama esichazamazwini sakhe.<br>▪ Ugcwalisa izakhi zikandaweni.<br>▪ Ubhala imisho ibe senkathini yamanje.<br>▪ Usebenzisa izimpawu zokubhala ngendlela efanele.<br>▪ Uphendula imibuzo yokuqondisisa.<br>▪ Ubhala i-SMS yokubonga.<br>▪ Uhlonza okwehlukile ezithombeni.<br>▪ Uphendula imibuzo yokuqondisisa. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminya ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga lesi-2 zoLimi Lwasekhaya.

### Izinga loku-1

- UZinhle uthola abangani abasha
- Yimpilo yenja
- Idube layithola kanjani imithende?
- UJeri uyathanda ukufunda

### Izinga lesi-2

- Indlovu nomboko wayo
- Benza kanjalo abangani
- Ichwane elibi ledada

### Izinga lesi-3

- Ibhayisikili likaBheki elisha
- Izilwane ziya olwandle
- Kwasiza uMkhomomkhulu

ISBN 978-1-4315-2540-9

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2540-9

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education
Department:
Basic Education
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

**Author: V McKay**